MTHETHO WESIBILI (2) WONYAKA KA 2019 WEGUNYA LEZOKUTHUTHA EGAUTENG (GAUTENG TRANSPORT AUTHORITY ACT 2 OF 2019)

UMNYANGO WEZEMIGWAQO NEZOKUTHUTHA ESIFUNDAZWENI SASEGAUTENG (GAUTENG DEPARTMENT OF ROADS AND TRANSPORT)

ISAZISO: UHLELO LWENHLOSO-MBONO YEMINYAKA ENGAMASHUMI AMABILI NANHLANU YEZOKUTHUTHA OKUDIDIYELWE (TWENTY-FIVE YEAR INTEGRATED TRANSPORT MASTER PLAN [ITMP25]) LWESIFUNDAZWE SASEGAUTENG LUYATHOLAKALA UKUBA LUHLOLWE WUMPHAKATHI FUTHI KUPHAWULWE NGALO

GAUTENG PROVINCIAL GOVERNMENT
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

TRANSPORT AUTHORITY FOR GAUTENG
ACCESS GAUTENG 2050
Connecting People, Places and Opportunities Sustainably

Ilungu Lomkhandlu Ophethe (Member of the Executive Council [MEC]) leMigwaqo Nezokuthutha eSifundazweni saseGauteng lapha linikeza isaziso ngohlelo lweNhloso-mbono Yeminyaka Engamashumi Amabili Nanhlanu Lezokuthutha Okudidiyelwe (Twenty-Five Year Integrated Transport Master Plan [ITMP25]) lesiFundazwe saseGauteng seluphothuliwe futhi seluyatholakala ukuba luhlolwe, lubhekwe wumphakathi futhi kuphawulwe ngalo kumahhovosi esifunda nakumawebhusayithi ashiwo ngezansi.

I-ITMP25 yeSifundazwe saseGauteng yasungulwa wuMnyango Wemigwaqo Nezokuthutha WaseGauteng (Gauteng Department of Roads and Transport [GDRT]) ngo-2013. I-ITMP25 yeGauteng yachasisa ngamaphrojekthi asemqoka wezokuthutha kanye nezinhlelo zokuzokwenziwa eminyakeni engu-25 elandelayo. Ngaphezu kwe-ITMP25, kwasungulwa noHlelo LeGauteng Lokufezekisa Ezokuthutha Leminyaka Engu-5 (5-Year Gauteng Transport Implementation Plan [GTIP5]). I-GDRT, isebenzisana ne-Transport Authority for Gauteng (TAG) yahlola yaphinde yabuyekeza i-GITP5 ne-ITMP25.

I-GDRT, isebenzisana ne-Transport Authority for Gauteng (TAG) yahlola yaphinde yabuyekeza i-GITP5 ne-ITMP25.
I-ITMP25 yeGauteng iyidokhumentu ebalulekile yesu lokufezikisa umsebenzi, futhi lapho isihloliwe izosiza i-GDRT ilawule, ihlele futhi isungule uhlelo olusebenza ngempumelelo noludidiyelwe kahle. Uhlelo olunjalo oludidiyelwe lwezokuthutha luzohlola ukwanelisa izidingo nezithakazelo zomphakathi ngokuthuthukisa ezokuhamba nokuhlinzeka ngezinsizakalo zezinto ezihamba emoyeni, ojantshini, kanye nezihamba emgwaqeni zomphakathi nezomuntu ngamunye eziphephile, ezivikelekile, futhi ezingenayo imithelela emibi endaweni yezemvelo.

Injongo-ngqangi ye-ITMP25 wukuhlinzeka ngohlelo lwezokuthutha olusimeme nolusezingeni eliphezulu olweseka imigomo yezomnotho, yezenhlalo, yamasiko neyezemvelo yaseGauteng.

Amaphuzu okuqalisa we-ITMP25 esihloliwe ngalandelayo:
- Asetshenziswe njengokungenelela kukahulumeni ukuze ngokuphaphama kuthuthukiswe isimo esikhona samanje;
- Kweseke umbono we-Global City Region;
- Kuholele entuthukweni ephawulekayo eyengeziwe esimeme, yezenhlalo-mnotho kanye nokwakhiwa kwamathuba emisebenzi;
- Kungabandlululi muntu ngokwenhlalo futhi kuthuthukise isifundazwe saseGauteng;
- Kube nemithelela emihle nencomekayo endaweni yezemvelo;
- Ukuphakamisa izindlela zokuhamba ezincanyelwayo nezifanelekela umzila othile;
- Ukusebenzisa ngokunenzuzo engcono kakhulu izinhlobo ezihlukahlukene zezindlela zokuhamba ukuze kudanjiswe ukucinana kwezimoto emigwaqeni nokungcoliswa komoya okuhlobene kuyilapho ngesikhathi esifanayo kuthuthukiswa izinsizakalo zabantu basegauteng kanye nezomnotho;
- Ukubeka eqhulwini ezokuthutha zomphakathi kanye nezimfuneko zezokuthutha ezihlobene okungezona izimoto, kanye nokuthuthwa kwezimpahla okusimeme eSifundazweni;
- Ukweseka izindlela ezisemqoka zendima enamandla kwezomnotho nezokuthutha maqondana nokuthuthwa kwezimpahla nemizila;
- Ukubandakanya izikhungo zezokuhamba kwezinto okungezona izimoto ekuhlelweni kokweseka izinsizakalo zezokuthutha komphakathi ikakhulukazi, nokwenziwa ngcono kwezinga lendawo eyakhiwe;
- Ukusebenzisa usizo lwezezimali kwezokuthutha nokukhokhwa kokungokwengxenye ngokwentuthuko efiselekayo ngedolobha;
- Ukwanelisa izidingo zokuhamba nezalabo abaphila ngokukhubazeka komzimba kuyo yonke imiphakathi yaseGauteng;
- Ukunakekela okukhethekile ekuhambahambeni kwabantu abanezidingo ezikhethekile;
- Ukwenza uhlelo lwezokuthutha lweGauteng lusebenze ngobuchwepheshe bezedijithali;
- Ukusungula umyalezo nokubukeka okungaguquguquki kwezokuthutha eSifundazweni;
- Ukuhlola iziqondiso zokwakheka okukhethiwe;
- Ukuvumelisa utshalo-mali lwengqalasizinda luhambisane kakhulu ngangokunokwenzeka nezinhlelo ezihleliwe zokusetshenziswa komhlaba zamanje nezesikhathi esizayo ; kanye
- Ukuqondiswa yizimiso Zemigomo Yentuthuko Esimeme (Sustainable Development Goals [SDGs]) kanye ne-Ajenda ka-2030 naleyo iNingizimu Afrika ezibophezele kuyo.

Uhlelo lwe-ITMP25 leGauteng lungolokususelwa ocwaningweni nezimvo ezivela kubabambiqhaza nanye nabadlali-ndima abasemqoka phakathi nezinyanga ezidlule ezingu-16. Inkathi yokuhlolwa kohlelo lwe-ITMP25 kuqala **ngoLwesine mhla-ka-20 kuNhlolanja (February) 2025 luze lugoqwe ngoMsombuluko mhla-ka-24 kuNdasa (March) 2025.** Umphakathi ungaku uthumele ukuphawula okubhalwe phansi kanye nemibono kuMnyango ukuze kucatshangelwe kungakedluli umhla ka-24 Ndasa 2025. Umphakathi uyexwayiswa ngokuthi ukuphawula okutholakale ngemva kwalolu suku kungase kungabhekwa. Ukuphawula okubhalwe phansi kungaba nganoma yiluphi ulimi olusemthethweni.

Isimemo Sabantu Abafisa Ukwazi Nabathintekayo ukuba babe khona emhlanganweni osenkundleni ye-computer
UMnyango Wemigwaqo Nezokuthutha WaseGauteng (Gauteng Department of Roads and Transport [GDRT]) ne-Transport Authority for Gauteng (TAG) imema bonke Abantu Abafisa Ukwazi Nabathintekayo (Interested and Affected Parties [I&APs]) ukuba babambe iqhaza kule nqubo yokuhlola yomphakathi ngokuhambela umhlangano okungowomphakathi osenkundleni yeze-computer:

Usuku: Tuesday, 18 March 2025
Isikhathi: 09h50 for 10h00 am until 13h00
Inkundla: MS Teams
Ukuphendula (RSVP): Sicela **UBHALISE** ukuze ube khona emhlanganweni ngaphambi/ngomhla ka-13 Mashi 2025 ngokuthumela i-imeyili iye eHhovisini Lokuxoxisana NaBabambiqhaza le-TAG ekhelini le-imeyili elilandelayo:
itmp25@taggcr.co.za noma toni@pietersenpp.com

Bonka Abafisa Ukwazi Nabathintekayo (Interested and Affected Parties - I&Aps) ababhalisela ukuba babe khona emhlanganweni oqhutshwa enkundleni yeze-computer bazothola i-Link yokungena emhlanganweni. Sicela uqaphele labo abangase babambe iqhaza emhlanganweni abayidingi i-MS Teams ukuze bangene emhlanganweni, yize kunjalo, bazodinga ukungena “ngebhrawuza (browser)” uma bengenayo i-MS Teams.

Izindawo lapho amakhophi wephepha wohlelo lwe-ITMP25 angase abhekwe khona:

Uhlelo lwe-ITMP25 luyatholakala emahhovisi wesifunda soMnyangoWemigwaqoNezokuthuthawaseGauteng(Gauteng Department of Roads and Transport), i-Transport Authority for Gauteng (TAG), kanye nenhloko-dolobha namaphethelo, isifunda, nomasipala basekhaya eGauteng (bheka uhlu). Isifinyezo Samaphuzu Avelele sohlelo lwe-ITMP25 luyatholakala ngezilimi ezilandelayo ezindaweni zemphakathi ezifakwe ohlwini (in the list) noma uma ulicela kuHHovisi Lokuxoxisana NaBabambiqhaza le-ITMP25 (imininingwane ingezansi): IsiNgisi, isiZulu, Sepedi, kanye NesiBhunu.

Amakhophi anyathelisiwe wohlelo lwe-ITMP25 kanye/noma iSifinyezo Samaphuzu Avelele kungase atholakale uma kucelwa kuHHovisi Lokuxoxisana NaBabambiqhaza le-ITMP25 ngokuthumela i-imeyili iye kumuntu othintwayo olandelayo:

Antoinette Pietersen
Gauteng ITMP25 Project: Stakeholder Engagement Office Coordinator
Transport Authority for Gauteng

Ikheli Leposi:
PO Box 1266
Kelvin
2054

Ikheli Lendawo:
44 Grand Central Boulevard Ext 1.
Midrand
1682

I-imeyili YeHhovisi Lokuxoxisana NaBabambiqhaza LaseGauteng le-ITMP25:
itmp25@taggcr.co.za noma toni@pietersenpp.com

Amakheli wewebhusayithi wokuthola amakhophi wekhompyutha wohlelo lwe-ITMP25 kanye/noma iSifintezo Samaphuzu Avelele:

www.gauteng.gov.za(ngaphansi Kokushicilelwe)

NOMA

https://www.gautengonthemove.co.za

Usuku Lomnqamulajuqu wokuthunyelwa kokuphawula: uMsombuluko, 24 Mashi 2025.
Kuzokwamukelwa kuphela ukuphawula okubhalwe phansi.

UHLU LWEZINDAWO ZOMPHAKATHI		
UMNYANGO WASEGAUTENG WEMIGWAQO NEZOKUTHUTHA EGAUTENG		
Indawo yeHhovisi Lesifunda NoMasipala Bendawo	**Ikheli LoMgwaqo**	**Inombolo Yokuxhumana**
Benoni Regional Office	Main Reef Road, Van Rhyn, Benoni	**Ucingo:** (011) 748 2000 **Iselula:**083 790 9399
Bronkhorstspruit Regional Office	2 Ovipro Street, Riamar Park, Bronkhorstspruit	**Ucingo:** (013) 932 0171 **Iselula:** 065 680 8061
Derdepoort Regional Office	326 Baviaanspoort Road, Tshwane	**Iselula:** 082 939 5869
Heidelberg Construction Unit	No.1 Station Road, Heidelberg	**Ucingo:** (016) 349 1275
Krugersdorp Regional Office	97 Fourth Street, Krugersdorp North	**Iselula:** 072 061 2595
Koedoespoort Regional Office	1215 Michael Brink Street / Nico Smith Avenue, Tshwane	**Ucingo:** (012) 310 2200 **Iselula:** 071 670 5935
Life Centre Building (Ihhovisi Eliyinhloko, uMnyango Wemigwaqo Nezokuthutha)	45 Commissioner Street, Marshalltown, Johannesburg	**Ucingo:** (011) 355 7000 / 7332
Vereeniging Regional Office	No. 16 Lager Street Leeuwkuil, Vereeniging	**Ucingo:** 010 345 4367 **Iselula:** 060 546 7461
Transport Authority for Gauteng	44 Grand Central Boulevard Ext 1. Midrand	-

ZIPHATHIMANDLA ZENDAWO ZASEGAUTENG		
OMasipala Besifunda (District Municipalities [DM])		
Sedibeng DM	Cnr Beaconsfield & Leslie Streets, Vereeniging	**Ucingo:** 066 472 7234
West Rand DM	Cnr Sixth and Park Streets, Randfontein	**Ucingo:** 079 510 2695
OMasipala Bedolobha Nezindawo Ezizungezile (Metropolitan Municipalities/ (Metros)		
Ekurhuleni Metro	EGSC Building, cnr Cross and Roses Streets, Germiston	**Ucingo:** 063 686 6669
Johannesburg Metro	Metropolitan Centre 1st Floor Council Chamber Wing 158 Loveday Street Braamfontein, Johannesburg 75 Helen Joseph Transport Department, Johannesburg 2000	-
Tshwane Metro	Tshwane House Reception Cnr Madiba & Lillian Ngoyi Streets Tshwane	-
OMasipala Basekhaya (Local Municipalities [LMs])		
Emfuleni LM	Cnr Klasie Havenga and Frikkie Meyer Boulevard, Vanderbijlpark	**Ucingo:** 087 562 1982
Lesedi LM	Civic Centre, Cnr HF Verwoerd and Louw Street, Heidelberg	**Ucingo:** 016 492 0049
Merafong LM	3 Halite Street, Carletonville	**Ucingo:** 018 788 9500
Mogale City LM	Krugersdorp Library , Corner von Brandis and Market Streets , Krugersdorp CBD	
Midvaal LM	Cnr Junius & Mitchell Street,	**Ucingo:** 016 360 7445
Rand West City LM	Cnr Sutherland & Pollock Streets, Randfontein	**Ucingo:** 010 496 5635